# INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE ENKONZWENI YESIKHUMBUZO EPORT SHEPSTONE NGOLWESINE MHLAKA 26 JULY 2007

**Ngiyanibingelela nonke**

- Ngesonto eledlule besihlangene lapha eHibiscus Coast enkonzweni yesikhumbuzo sabantu abayisishagalolunye abashone engozini yomgwaqo ebandakanya imoto yezicishamalilo nebhasi elithwala umphakathi.

- Kuyadabukisa kakhulu futhi ukuthi sisahlangene lapha nanamhlanje sizoduduza imindeni yabantu abayisishagalombili abashone ngoLwesithathu olwedlule engozini yebhasi emgwaqeni ongu-R602 ngasePort Shepstone.

- Ngokwemibiko etholakele, kukholakala ukuthi ibhasi lakwaKZT Shepstone ligingqikile ngenkathi umshayeli ehluleka ukulilawula ngenxa yenkinga ethile yesimo sebhasi. Abantu abayisikhombisa bashonele khona lapho kwathi omunye washonela esibhedlela kamuva.

- Umshayeli webhasi, uMnuz Richman Mazw'enkosi Sikobi, ube eseboshwa wabekwa amacala okubulala engahlosile. Uvele enkantolo ngoLwesihlanu wase ekhululwa ngebheyili ka-R10 000. Amaphoyisa aphenyawo acele ukunikwa isikhathi esithe xaxa sokuphenya, ngakho-ke uzophinda avele enkantolo ngomhlaka 20 September 2007.

- Lapha sikhalisana nemindeni yalaba abalandelayo abasishiyile:

| **Igama nesibongo** | **Ubulili** | **Iminyaka** |
|---|---|---|
| Gloria Thusi | Owesifazane | 31 |
| Dorris Jabulile Shabane | Owesifazane | 31 |
| Nontobeko Langazane | Owesifazane | 25 |
| Boy Langazane | Owesilisa | 40 |
| Dolly Judith Ncane | Owesifazane | 49 |
| Mkhonzeni Dorra Mqadi | Owesifazane | 49 |
| Philile Irena Maphumulo | Owesifazane | 45 |
| Prisilla Lindiwe Ndovela | Owesifazane | 40 |

- **"Sengathi imiphefumulo yabo ingalala ngoxolo"**

- Sihlale sibhekana nobunzima njalo uma sibona ubuhlungu obuthwelwe amalungu emindeni uma sihambele izinkonzo zalolu hlobo. Awekho ngempela amazwi anele okududuza imindeni ngalesi khathi esinzima kangaka.

- Nokho-ke, ngithanda ukugcizelela ukuthi ukuphepha kwabagibeli kuncike ezandleni zabashayeli kanye nabanikazi bezithuthi zomphakathi.

- Abanikazi bezithuthi zomphakathi njengamatekisi namabhasi nabo kumele baqinisekise ukuthi abashayeli babo bangabashayeli abasemthethweni futhi abakwaziyo ukushayela lezi zithuthi.

- Isibalo sezingozi ezibandakanya izithuthi zomphakathi, ikakhulukazi amabhasi KwaZulu-Natal, sithande ukwethusa kula masonto edlule. Sizoqinisa imikhankaso yethu yezokugcinwa komthetho, ikakhulukazi oka Thath'iskorokoro, lapho sibheka khona amabhasi angekho esimweni ukuze siqinisekise ukuthi abagibeli bethu ababi yizisulu zezingozi zomgwaqo ngenxa nje yephutha lomuntu othile nezimoto ezingekho esimweni.

- Sengiphetha, sihlale sisho ukuthi njengoHulumeni senza konke okusemandleni ukulekelela imindeni ngalezi zikhathi ezinzima.

- Kulokhu-ke, nginxusa labo abathintekile engozini ukuba bangavumi ukusayina noma yimaphi amaphepha aqhamuka nabantu abangabazi abathi bazobalungisela izimali ze-Road Accident Fund. UMnyango wethu uzonisiza mahhala ukuba nilandele imigudu efanele yokuthola imali. Ngakho-ke xwayani labo asebephenduke 'amanqe' asizakala ngokulimala kwabantu.

**Ngiyabonga.**